

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU ENKONZWENI YEBANDLA LAMAROMA E-DONNYBROOK**

17 August 2013

Mphathi wohlelo;
Mhlekezazi Bishop Dlungwane;
AbaPhriste bonke abakhona;
Abashumayeli;
Ubuholi bezinhlaka zonke zeBandla eliKhatholika ngokwehlukana kwazo;
Abazalwane bonke;
Nginyanibingelela nonke egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Kuyintokozo ukuthi nami namhlanje ngibe ingxenye yokuhambela leli Bandla egameni likaHulumeni, ikakhulukazi umNyango wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi KwaZulu-Natal.

NjengomNyango-ke sesinesikhashana siluqhuba lolu hlelo lokuhambela amaBandla ehlukeni esifundazweni. Sifisa ukusho-ke ukuthi ihlale isithokozisa indlela esamukeleka ngayo zonke izindawo esifika kuzona njengoba kwenzeka okufanayo nalapha.

Lolu hlelo saluqala ngenxa yokubona ukubaluleka kokusebenzisana namabandla ekulweni nesihlava sezingozi zomgwaqo ezibhubhisa isizwe. Yingakho-ke ibandla nebandla esilihambelayo siqinisekisa ukuthi sakha isivumelwano sokubambisana nalo kuzo zonke izinhlelo zethu zokuphepha emgwaqeni.

Kuyaye kusinike ithemba futhi ukuthi phela vele emasontweni noma ezinkonzweni inhloso yakhona ngokuvuselela onembeza kubantu ukuze bangaphambani nemigomo kaNkulunkulu.

Lokhu kusho ukuthi singalisebenzisa lelo thuba nasekuvuseleleni onembeza ukuba abantu bangaphuli imithetho yomgwaqo, okuyinto nayo eholela ekufeni kwabantu abaningi.

Kodwa-ke esikugcizelelayo njengomNyano wezokuThutha KwaZulu-Natal ngukuthi kumele sihlale sikuqinisa ngaso sonke isikhathi ukusebenzisana kwethu nani eningumphakathi wamakholwa.

Nakuba sivakasha ngezikhathi ezithile emasontweni njengoba senza namhlanje, kodwa umyalezo kumele ube yinto ethunyelwa njalo lapho sikhonza khona ngamaSonto. Akumele kube sengathi sisebenza ngokubambisana ngoba kuyizimvuselelo noma izikhathi ezithile njengePhasika kuphela.

Ziningi-ke bazalwane izinto esizenzayo njengomNyango ukuzama ukulwa nezingozi zomgwaqo. Ngaphandle kokuqinisa isandla somthetho nje ngokutshala amaphoyisa esifundazweni sonke, siyazama nokwenza ucwaningo ezintweni eziningi okuhlanganisa nokuchitshiyelwa kwemithetho ethile.

Kule minyaka emibili edlule nje, ngicabanga ukuthi iningi lethu lapha liyazi ukuthi njengesifundazwe sethule umkhankaso obizwa ngo-Operation Val'ingozi esesawusabalalisa ezindaweni eziningi emiphakathini yethu.

Ngo-Operation Val'ingozi sithi abantu mabakhulume nonembeza babo noma besebenzisa umgwaqo noma beziqhubela impilo yabo yemihla ngemihla. Sithi uma kuyizikhathi zamaholide njengoKhisimusi, abantu mabangaziphathi sengathi akuseyophinde kube namanye amaholide.

Sesikwazile ukuwusabalalisa lo mkhankaso safinyelela ezinhlakeni eziningi esisebenzisana nazo lapho sakhe khona ubambiswano, sakhuthaza ukuba kuvuselelwe onembeza, kuhlonishwe umthetho kanye nemikhankaso yokufundisa ngokuphepha emgwaqeni.

Ngakho-ke ngabe ngenza iphutha uma ngingadlulisi ukubonga kuzo zonke izinhlaka zemiphakathi, izifundiswa zakithi, izishosovu emikhakheni eyahlukene, osaziwayo, abaholi bezenkolo kanye nabantu ngamunye abajoyine lo mkhankaso obaluleke kangaka wokusindisa izimpilo zabantu abangenacala.

Le nkonzoke nayo isibe yinkundla yokuba siwuse phambili lo mkhankaso njengoba sihlalene sibe siqhamuka ezinhlakeni nemikhakha eyahlukene. Lokhu kusho ukuthi njengoba sizophuma nje lapha kusasa ekuseni, kuzomele sihambe siyoxoxa sabelane ngemibono nezindlela ezingalekelela lo mkhankaso ukuba uye phambili.

Sengisho kaningi ukuthi njengoMphathiswa mina indlela esingikhathaze ngayo indaba yezingozi, sengilindele noma yini noma iqhamuka nobani uma nje izosiza ukunqanda lolu bhubhane.

Imbangela ehamba phambili yokufa kwabantu emgwaqeni ihlanganisa ukushayela uphuzile, ijubane nokungahloniphi eminye imithetho yomgwaqo ebekelwe ezokuphepha.

Okungiphatha kabi ngukuthi ukwepfulwa komthetho emgwaqeni kuqhubeka ngenkulu inkani usuku nosuku. Le nkani ibonakala idalwa nangukuthi izaphulamthetho zazi ukuthi zizohlawuliswa zingagqunywa ejele.

Uma sezikhokhe izinhlawulo ziyaqhubeka zizihambe ngezimoto zazo, kokunye ziqhubeke futhi nokwephula umthetho bese kuthi uma zibanjwa ziphinde zihlawuliswe futhi.

Nokho-ke sekusinike ithemba ukubona izinkantolo zethu seziqala ukuthatha amacala omgwaqo njengamacala asemqoka. Lokhu sesikubona ngokuthi kube nabantu abagwetshwa ngamacala okubulala uma kutholakala ukuthi kufe abantu ngenxa yobudedengu bomshayeli emgwaqeni.

Mangikuveze-ke bazalwane ukuthi kusukela ngenyanga edlule kaJuly kuze kube yimanje isikhathaze kakhulu indlela esenyuke ngayo isibalo sabantu abafa emigwaqeni yalesi fundazwe.

Uma siqhathanisa nje, izibalo zethu zikhombe ukuthi ngo-July wonyaka odlule u-2012 silahlekelwe ngabantu abangu-158 ezingozini ezingu-146 kwathi kulo nyaka baba ngu-172 ezingozini ezingu-157.

Kulena ka-Agasti ngonyaka odlule salahlekelwa ngabantu abangu-66 ezingozini ezingu-59. Kodwa okushayisa ngovalo manje yilokhu kokuthi sisekuhhafu wenyanga kuphela kodwa izolo isifundazwe sethu bese sibulale abantu abangu-88 ezingozini zomgwaqo. Asazi ngempela ukuthi uma siqhubeka kanjalo kusho ukuthi unyaka uyophela kunjani.

Konke lokho kwenzeka nje, bese sithe loku kwehla kwezinga lezingozi emigwaqeni yethu ngo-33.6% kuyinkomba yokuthi njengesifundazwe sizokwazi ukwehlisa ukufa kwabantu emgwaqeni ngo-50% ngonyaka ka-2020, njengokuyalela kwenhlangano yomhlaba i-United Nations esibekele wona kusukela ngonyaka ka-2011 kuze kube unyaka ka 2020.

Okunye okusikhathaza kakhulu njengoHulumeni indlela izingozi ezisiphuca ngayo abantu abaneqhaza ekwakhiweni komnotho wezwe lakithi. Siyazi ukuthi njengoba ezweni sekwavuleka amathuba amaningi kwezomnotho kubantu ababencishwe amathuba phambili, lokhu sekwenza sibe nentsha eningi enamandla okuthenga izimoto zikanokusho ngokujwayelekile ezaziwa ngokuba nejubane.

Kumele nasezinkonzweni ezinjengalezi silishumayele leli vangeli entsheni yethu ukuthi ingasanganiswa izimoto ezigijimayo ngoba lokhu kugcina kwenza isizwe silahlekelwe amathalente adingeka kakhulu ekuthuthukisweni komnotho.

Sikholwa ngukuthi phela kwawona amabandla adinga kakhulu bona labantu ngoba nomnikelo ubhekwe kubona. Ngakho-ke kubalulekile ukuba sibambisane.

Umyalezo wethu kumele udlulele nakwabahamba ngezinyawo ngoba phela sonke ngaphambi kokuba singene emotweni nangemuva kokuphuma emotweni siba ngama-pedestrian. Ngakho-ke kuzomele sibambisane ekutheni ukusetshenziswa komgwaqo kube yinto exoxwayo nje nasemindenini nezingane zethu.

Sengiphetha, engikuqaphelayo futhi ngalo mkhankaso wokuhambela amabandla ngukuthi uvula inkundla yokusebenzisana kwamabandla noHulumeni nakweminye imikhakha ngoba phela amasonto ahlanganisa abantu abenezinselelo ngokwehlukana ezidinga ukwaziwa nayiminyango kahulumeni ehlukene.

Izinhlelo ezenziwa amabandla zokusiza abampofu nabahlukumezekile ngezindlela ezahlukene sikushayela ihlombe njengoHulumeni. Vele phela kungumbono walo Hulumeni oholwa nguMongameli uMsholzi ukuthi ngokubambisana singenza izimpilo zabantu zibe ngcono.

Okokugcina, masikugcizelele ngempela manje ukuthi akasekho umuntu okumele abe isibukeli nje ebe ehlala kulesi sifundazwe. Lo Hulumeni unezinhlelo ezahlukene ezihlanganisa ukulwa nobugebengu, indlala nezifo ezinjenge-HIV/AIDS, zonke odinga ukubambisana nomphakathi wamakholwa kuzona.

Sonke masibambisane ukwakha ikusasa elingcono emphakathini wethu.

Ngalawo mazwi sithi masiphinde sizibongele egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal ngokuthola leli thuba. Sengathi ningadumisa kahle uNkulunkulu nibuyele emakhaya ngokuphepha.

Amen.